



## **UKUNQANYULWA KWEZINSIZA ZIKAMASIPALA KWELINYE LAMAHHOVISI AKWASARS EPRETORIA**

**Tshwane, 15 kuNhlolanja 2022** – UPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) usiqaphele isinqumo esithathwe uMasipala weDolobha laseTshwane sokunqamula izinsiza ehhovisi lakwaSARS elise-Ashlea Gardens, ePretoria.

Sifisa ukuqondisa ukukhuluma sicacise ukuthi isakhiwo esisetshenziswa yisikhungo asisona esakwaSARS. Siyisakhiwo esiqashisiwe, kanti kuze kube manje, zonke izinsiza zikhokhelwe ngokugcwele futhi zikhokhelwa ngesikhathi.

Siyaxolisa kakhulu kubakhokhintela ngokuphazamiseka okungase kubangelwe yilokhu. Sizokhuluma nabanikazi besakhiwo, ngenhloso yokuthi lolu daba lubhekwe njengesimo esiphuthumayo.

Okwamanje, ihhovisi lisebenzisa isiphehlilandla kanti futhi kuyasetshenzwa kulo. Abakhokhintela bayaqhubeka nokusizwa ngaphandle kokuphazamiseka.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)